## Okwabonwa u Mirza.

*(Isizumekelo, iqala No. 58.)*

"U Mlozi, udhliwa umunyu ngami, wati ungabe usakubuka loku okukubangela ubuhlungu kangaka. Wati, 'ungabe usambuka umuntu ekuqaleni kwokuhamba kwake, esasuka pansi ebange esimakadeni sesikati; kepa amehl'ako abbekise enkungwini leya la umfula ubasa kona bonke abaponseke kuwo.'

"Amehl'ami ngasengiwasingisa lap'etsho kona, (lap'ake kangazi noba u Mlozi lona ugomusa wake nangamandhla engingawaqondiyo wahlakanipisa amehlo ami, noba wahlakaza inkungu ngabona), ngasengibona iqele landa enzansi kungidamukela laye lapelela ewandhle olukulu olubanzi, okukona pakati kwalo idwala elikulu lendiyamana elinqume ladabula kubili amanzi alo.

"Amafu wona ahlala njalo awusa umxa omunye wolwandhle, amehl'ami kanaba kuboboza abone; kodwa umxa osobala ngabona kungati ugcwele iziqingi ezingenakubalwa, iziqingi ezimile izitelo zonke nezimbali ezinhle, emkatini wazo kukona amatantala azigidi ngezigidi amanzi acwebileyo. Ngabona abantu abagpoke izingubo ezibuhle besabekayo, abacwatyele imiqele yezimbali emakanda, behamba abanye pakati kwemiti emile kona, abanye becambalele ngasemilanjaneni eluluzelayo, abanye bezihlalele ezindaweni ezimile izimbali; ngezwa ukuraza kwamanzi, nemimemo yabantu nezingubu ezibetwayo.

"Injabulo yangingena yanda pakati kwami ngibona umbuko lona omuhle kwangati ngingatola amapiko okozi ngindize ngiye kuleziya ndawo ezimnandi ezinentokozo; kodwa u Mlozi wati inye kupela intuba nendhlela yokuya kulezo ndawo, yona-ke eyokufa, ebengide ngibona ibobokela abantu abawela ebulurweni bengena kuyo.

"Wati, iziqingi leziya ezinhle ezinewaba ngezimilo, ozibonayo zihlwanyeleke pakati kolwandhle zize ziyekutshona la iso lingasafinyeleliyo, zidhlula nezihlabati zolwandhle ebuningini bazo. Emuva kwalezi ozibonayo kukona inqaba-kubalwa yezinye, eziye zifike nalapa iso lingefike, ngitsho nemicabango yako ingefinyelele. Iziqingi leziya zingamakaya abalungileyo emuva kwokufa, babekwe kuzo ngezigaba nezinhlobo zobunene nokuya kwabo besepezulu, zona-ke iziqingi zinezinjabuliso nemibusiso elingene nezigaba zokulunga nemixwele yalabo ababekwe kuzo. Yileso siqingi njalo si i Paradise (indawo yokujabula nokusinda) yabantu ababekwe kuso. Lez'izindawo, we Mirza, kakusizindawo-ke ezifanele ukuba umuntu azifune ngamandhla ake onke azibizekele? Impilo yako emhlabeni ungakala ngayo uyisole uma ikunika ituba lokutola umvuzo ongaka? Ukufa kona okwokwesatshwa uma ngako ungangena enhlalweni emnandi kangaka? Ungacabangi ukuba umuntu wadalelwa ize, obhekwe isimakade esinjena.

"Iziqingi lezi ezimnandi ngabeyiloku ngizidwalele ngamehlo ami, inhliziyo yami igcwele ukutokoza engingekunike nagamu. Ngasengiti, 'sal'usungikombisa manje, ngiyakunxusa, imfihlo engapansi kwamafu lawaya amnyama aqgibe ulwandhle ngalapaya kwedwala lendiyamana.'

"U Mlozi kawangipendula, ngapenduka ngiti ngizakupinda ngimcele, ngamfumana engaseko. Amehlo ami ngasengipinda ngiwabuyisela embukweni ekade ngiwubuka; endaweni kodwa yomfula omkulu, nebulurwe, neziqingi lezo ezimnandi, ngasengibona iqele elide elikulu lase Bagdat, kwaluke izinkomo, nezimvu, namacamel emadotyeni nasezinkalweni zalo."

IZICASISO NGENDABA KA MIRZA.

1. Izigaba zebulurwe ezimashumi ayisikombisa isikati sokuhamba kwomuntu pezulu. Izigaba ezidhlulanayo, ezinye zibe zipelele ezinye zingapelele, kuqonda ukuba abanye bayadhlula, abanye bangafinyeleli, eminyakeni leyo. Izigaba eziyinkulungwane ziqonda impilo yesintu pambi kwesihlambisinye sesikati sika Noah.

2. Amageba nezibobo ebulurweni kuqonda izifo nezingozi neziyiba ezipahle umuntu zikati zonke, kakulu ebunganeni.

3. Izinkemba ziqonda ukubulalana kwabantu ngezikali empini nasekulweni, bate pela izinsuku zokuhamba kwabo zingakapeli.

4. Ulwandhle olukulu olunqunywe pakati idwala elikulu lendiyamana luponda isikati esingenamkaulo esimakade esihlalele abalungile nabangalungile. Idwala lendiyamana liqonda ukuba indawo yabalungileyo neyabangalungile yahlulwe kubili umkati ongenakudatshulwa muntu, ngoba oseke wangena kwenye indawo kanakubuye angene kwenye.

*(Iyapela lapa.)*

SIHLAHLA SEZINTANDANE.

## Izindaba zase Talaneni.

Imikombe iya ngokwenanana—futi op'omunye uyazibekela.

Ngeminyaka emibili edhlulileyo Umfundisi wase Talaneni (u Nzimela) uvam'ukuhamba eshumayela izwi le Nkosi e Nyakato. Nasema-Tongeni wafika nyakenye. Uyabek' abantu abamnyama ukuba bafundis'abakubo izwi lika Nkulunkulu — Nyakenye (1890) wabek' umuzi (abantu bangamashumi amabili namunye) Esikwebezi. Kufundiswa kahle kona. Ngezakwetwasa u Nzimela uzakusuka Etalaneni. Uyakwaka uqobo lwake ngase Mhlwati. Abantu base Talaneni bayamsiza kakulu Umfundisi wabo; nabo bayatand'ukufundisa abakubo abangabahedeni—Ngo January bapuma bonke bamhlakulela amasimu ake bengabizi luto kuye. Bati kumsebenzi ka Nkulunkulu — Namhla bamvunisa bati, 'Hlala pantsi'; kumsebenzi wetu.

Futi ibandhla elikulu liyakuhamba naye ukumakis'amadhlangala.

Yebo-ke! Kuhle ukuba kube njalo. "Op. omunye uyazibekela," kuts'abakwa Zulu loko' Nezwi le Nkosi liti—"Pana niyakupiwa."

## Izinkomo zase Jersey.

Kakuko nkomo ezisengwa kakulu njengezinkomo zasesiQingini sase Jersey. Enye yalez' izinkomo, etiwa igama 'Eusotiana' yakipa ngomnyaka umunye 945 lbs webhotela. Ziyatandeka kakulu lez'izinkomo e America, zikishelwa imali eningi kakulu. Kaningi kukishelwa okungaka £800, noma £1,600 ngenkunzi enhle yase Jersey; futi sike sezwa ngenye eyatengwa ngo £2,000.

## Ukububa kwomunye umfundisi wase Natal.

OMUNYE KWABAUQALAYO UMSEBENZI.

Kuyakudabukis'abaningi abantu kanye nabafundisi, ukuzwa ukuti umfundisi omdala wase Mvoti, u Rev. David Rood, useshonile. Wafela eCovert, Michigan. Kasikalandisiswa kahle ngokufa kwake, kutiwa waye ne Paralysis (ukufa okucobekisa umzimba wonke). U Mr. Rood weza e Natal ngo January, 1848. Ngeminyaka engu 40 wasebenza ngokukolekayo impela, waqala umsebenzi wokufundisa e Fafa, ngemva kwaloko e Manzimtoti, waye wagcina e Mvoti.

Kuzo zonke lezizindawo abantu kanye nabelengu abake ngakona banako ukuba babonge u Nkulunkulu ngokuba Wabatumela u Rev. David Rood ukubashumayeza izwi le Nkosi e Natal.

Bonke bayakumazisa ngokuba ikaya lake laliyikaya lezihambi zonke, beamukelwa bonke ngomusa omkulu kona. Waye tanda njalo ukuzwa ngabantu abamnyama episekele inhlala kahle yabo, engaze angazifaka ezindabeni zezwe, engumfundisi oqoto impela, oyakunjulwa njalo, abamaziyo kaboze bamukohlwa. Wayeka umsebenzi wake eseixegu, iminyaka yake inga ma 70 wa pindela e America ngo 1888, seloku kwaloko wazihlalela ezitulele e Covert, Michigan, lapa wafela kona ngo April, iminyaka yake isingu 73. Inkosikazi yake isekona; kodwa seyaba isiguli nayo. Iyakalelwa impela inkosikazi yakiti eqoto.—Lendaba isindala; kodwa baningi abantu abangakezwa ukuti kanti umfundisi omdala, otandekayo, wase Mvoti kaseko, sewagoduka impela.

## Amanani e Transport ase Ladysmith,

O Messrs. Mann & Co. bati inkokelo yamaflara imi ngokunje:—Ukuya e Potchefstroom 9/0; Pretoria 10/0; Johannesburg 9/0; Heidelberg 8/6; Bethlehem 3/6; Cronstadt 6/6; Ficksburg 6/0; Frankfort 6/0; Harrismith 2/0; Heilbron 6/0; Lindley 5/0; Senekal 5/6; Vreda 3/6; Vredafort 7/6; Winburg 6/6; Zuring Krantz 4/0. Izinqola ziyantuleka.

O Messrs. Morrison no Smith baloba bati:—Coldstream 1/6; Ermelo 5/0; Heidelburg 0/0; Johannesburg 13/0 (izimbongolo), 10/0 (izinkabi); Lydenburg 11/0; Pretoria 12/0; Standerton 4/6; Utrecht 2/6; Vrede 3/0; Wakkerstroom 2/6. Izinqola ziyingcozana, kepa ziyafuneka.

## Indali

## E Mgungundhlovu *(June 24th.)*

Umbhila—3/10 ngekulu.
Amazambane—7/0—9/0 ngekulu.
Ifolishi—2/11 ngekulu.
Amatanga—1/1 nge dazini.
Ubhatata—1/6—1/9 ngekulu.
Izinkuku—1/3—1/9 inye.
Ibhotela—2/0—2/6 ngesisindo.

## Ukutula nokuHlangana futi.

Manje loku uBishop Macrorie (UmBishop wase Mgungundhlovu) usezakumuka, kuyetenjwa ukuti abalandeli baka Sobantu (Bishop Colenso) bazakuhlangana futi ne Church lase South Africa. Lapa kwakusabutenwe kwenziwa uMhlangano ekuqaleni kwale nyanga, Um-Bishopo nabaPriest namanye amadoda ahlangana ukulinga ukuba kuletwe ukutula nokuhlangana futi e Church; ngakoke kwenziwa i Committee lamadod'abekelwe ukuba akulume nabaka Sobantu balinge ukubavumisa bahlangane ne Church bakete omunye umBishopo. Siyetemba ukuti loku kuzaku geina kahle.

## Umdhlalo we Bola yezinyawo.

Ngomhla ka 13 ku June kwadhlalwa i Bola e Edendale, idhlalwa yi College okutiwa 'Eagle Club' ne New Scotland, okutiwa 'Bangers Club.' Saqala ukudhlala ngo 2·15 P.M.. Yabambana saze sabuye sapumula, yabuye yabambana futi. Kwati ngo 3·15 P.M. yavuka i New Scotland yalikipa, yapatana manje kwapela isikati sokuba kuyekwe. Kute uma seku ngu 3·30 P.M., sekutiwa makuyekwe, kwasuka into yakwa Hlabangane, okutiwa u Theodore, nenye into yakwa Ndhlovu, okutiwa u William, zahlangabezana; zalishaya kanyekanye ngokuhlangana kwazo, nenye ılete ngezifuto zayo, laquma i Bola. Sabehlula ngoba salikipa kanye tina, New Scotland, lakishwa ngu Frank J. Steven, ngako-ke yehlulwa i Edendale, ngoba yona ayilikipanga nakanye yaba neze (0). Abakwa Zulu bawenza nmbani kanye, kodwa isigcino behlulwa, njengabase Edendale bawenza umbani, isigcino sabehlula; namaLawu sawehlula katatu, okutiwa yi 'Flying Star,' kepa asenenkani asasifuna futi. Siyajabula kakulu ngokusipata kwabo kahle nangokudhlala kwetu ngoxolo kwaze kwapela. Kwati ngokujabula kwamaRangers ngoba ehlulile, atwala i Captain yawo, atyo u Hurrah. Zaziningi-ke izibukeli, i Edendale ne Zwaartkop, kukona no Mr. S. Nyongwana wase P. M. Burg, New Scotland, P. A. Hlabangane no P. J. Siyoka. Nanko amaRangers:—(1) P. A. Hlabangane (the Captain), (2) J. A. Mtembu, Secretary, (3) T. A. Hlabangane, Vice-Captain, (4) H. A. Hlabangana, Treasurer, (5) P. Abrahams, (6) S. S. Dambuza, (7) T. M. Dambuza, (8) T. J. Stevens, (9) F. J. Stevens, (10) I. A. Mabele no A. A. Mabele (Goal Keeper), Umpire M. Sililo, Edendale okutiwa yi 'Eagle,' H. C. Matiwane (Captain), (2) H. E. Msimang, (3) B. P. Gule (Vice-Captain), (4) A. E. Sigudu (Vice-Captain), (5) A. B. Nkosi, (6) T. Masuku (Goal Keeper), (7) W. A. Ndhlovu (Secretary), (8) P. C. Kunene, (9) P. P. Lutuli, (10) W. E. Msimang, (11) Z. Ndimande, Umpire, Lawrance V, Kuzwayo.

## IZINCWADI.

***Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.***

*(Ku Mhleli we Nkanyiso.)*

Nkosi Mhleli,— Ngicela ukuba uke ungifakele nanka amazwana ami ayingcozana gibhekise kubafundi be *Nkanyiso*.

Madoda, limnandi lelipepa letu ngoba siyazana ngalo; kabuko ubuhle obunye obungadhlula ukuba sibonge ngokuba-kona kwalo. Kepa kuyabonakala ukuba uqinisile impela u Tshangana no Ndimande ukuti asikabi madoda, sise izingane sonke, ekufundisweni: ngoba kuti konke esikukulumayo kugcinwe ngokushiywa kungena'nhloko, kungabiko okupelelayo; kuti noti uveza izwi elingaluleka abakubo, linyatelwe pansi: besekubonakela elokuti *ingulube ihlanzwe qede, yabuyela odakeni*. Nginezwi elincane kumfo wetu u Zibukwana, ngiti kuhle ayeke ukuzibiza ngegama elinye uma ependulana nami. Igama lake lobukristu ngu Friday, elaoyise [illegible] Mdhluli. Ekukulumeni kwake kungati ungip[illegible] in[illegible]kodo azakungigxoba ngayo, uma eloku ez[illegible]ala. F[illegible] nempela nje kungati ukuluma okungayolile uma eloku ezifihla. Ngiti-ke kaye, noma enginqabele yena esicelweni sami—njengokuba kambe seku ngesami ngedwa—mina ngisatsho lelo, madoda, ngiti kungabakuhle ukuba nikubone nihlangane ngako loku, ukuba amakosi etu asize abashumayeli bakiti, bazuze okungabapilisayo.

Ngibone izwi epepeni ngomteto wokuvimbela abakiti asebepume emtetweni wabamnyama ku grog. Ngite ukukubona loko ngamangala; ngoba laba bakiti bapume nje, balandela abelungu kuko konke. Angikulumi loku ngoba ngifisa ukuba badedelwe ku grog; kodwa ngimangala ukuba bahlanganiswe nabakubo abapume kubo, ngalowo mteto. Akubukombi ubuhle loko, kukomba ukuketwa kwetu, kwa Rulumende; ngisatsho-ke ngiti, u Mpazima uqinisile uma eti siyaketwa tina kwo Mkulu, ngoba uti nosepume kiti walandela bona, apindeliselwe emuva. Futi ngimangala kakulu uma u Rulumende eti ubavimbele abamnyama ku grog; ngoba impela manje u grog abamnyama bawudhla kakulu kunaloko ababewudhla ngako kungakanqunyiselwa. Izwi lokuti kuvaliwe ezinkantini, lifana nokulaula nje. Yabiyakuvalwa kanjani yona le'nto embi kangaka esayiletelwa ngabomu? Abapangi laba bona babeyakutolani? Izinkantini zineminyango ngapambili nangemuva nasemacaleni, umuntu angevinjelwe otweni alutisayo.

Owako, Nkosi Mhleli MAGEMA MAGWAZA.
P.M.Burg, 19th June, 1891.